www.XtremePapers.com

UNIVERSITY OF CAMBRIDGE INTERNATIONAL EXAMINATIONS
International General Certificate of Secondary Education

CANDIDATE NAME

CENTRE NUMBER

CANDIDATE NUMBER

*8156470814*

**ISIZULU AS A SECOND LANGUAGE** **0531/01**

Paper 1 Reading and Writing **October/November 2013**

**2 hours**

Candidates answer on the Question Paper.

Additional Materials: No additional materials are required.

**READ THESE INSTRUCTIONS FIRST**

Write your Centre number, candidate number and name on all the work you hand in.
Write in dark blue or black pen.
Do **not** use staples, paper clips, highlighters, glue or correction fluid.
DO **NOT** WRITE IN ANY BARCODES.

Answer **all** questions.

At the end of the examination, fasten all your work securely together.
The number of marks is given in brackets [ ] at the end of each question or part question.

This document consists of **15** printed pages and **1** blank page.

DC (NH) 70244/2
© UCLES 2013

UNIVERSITY *of* CAMBRIDGE
International Examinations

**Umsebenzi 1**

Funda lesi sikhangiso somncintiswano bese uphendula imibuzo esekhasini elilandelayo.

Ziwinele iholide nabangane bakho abangu-4 elibiza ama R30 000 nihlale ubusuku obuhlanu eBuhlebezwe Lodge.

**Buhlebezwe Lodge**

Ezintabeni zaseZwartkops, ngasemifuleni iBlaauwbank neCrocodile, kukhona iBuhlebezwe lodge eduze kwendawo yamagugu i-Cradle of Humankind. Kuleli hhotela kunamakamelo angu 100, indawo yemihlangano, indawo lapho kwenzelwa khona imishado kanti kukhona ne-spa. Iqhele ngemizuzu engama-30 ePitoli naseGoli kanti kukuthatha imizuzu eyi-15 ngaphezulu uma uhamba ngebhasi.

Ubuhle bale ndawo yibo obuyenza ibe yindawo yokubambela imihlangano emikhulu efana neyokuthula imikhiqhizo. Le ndawo okubanjelwa kuyo imihlangano ingahlalisa abantu abangama-600 ezindlini eziyi-8. Zonke izindlu zemihlangano zinazo zonke izinsiza zezinga eliphezulu nezilusizo kakhulu.

**Hlathikhulu Tented Camp**

Le khempu yetende yakhiwe ngaphansi kwe Buhlebezwe Lodge, kanti isehlathini okwenza abathandi bemvelo bakukhonze ukuhlala lapha. Indawo yokulala ibandakanya amatende amancane ayishumi, okungalala kuwo abangu 4-6 kwelilodwa, kunezindawo zokugeza ezinamanzi ashisayo kanye nendawo yokupheka.

Konke ukudla kulungiswa endaweni efulelwe ngotshani lapho ningazihlalela khona nizishayele iziphuzo ezimnandi ngesikhathi nizilungisela ukudla kwenu. Le khempu ingaqashwa ngabantu abangama-60 futhi ibalungele kakhulu labo abafuna ukuyophumuza ingqondo.

Okunye okusanda kuba khona yindawo yokubambela imihlagano engahlala abantu abangama-20–60. Ningabambela kuyo imihlangano yezinkampani. Ingezinye yezindawo eziphambili.

Okunye ongakuthola eBuhlebezwe

- Sihambisa abavakashi ezikhungweni zomlando
- Emigedeni yase Sterkfontein
- Eziqiwini zobhejane namabhubesi
- Emifuleni nasezintabeni.

Indlela yokuwina

Thumela i-sms enegama elithi Buhlebezwe kanye nenombolo yakho ye ID, igama, ikheli kanye nenombolo yakho yocingo kule nombolo ethi 45598. I-sms Ibiza R2.00 iyinye. Uma ufuna eminye imininingwane ungasithola ku www.buhlebezwehotels.co.za noma usishayele ucingo kule nombolo ethi 011 707 1143.

For Examiner's Use

**(a)** Owani umklomelo ongawinwa kulo mncintiswano?

............................................................................................................................................ [1]

**(b)** Kuthatha isikhathi esingakanani ukufika kule ndawo ngebhasi uma usuka eGoli?

............................................................................................................................................ [1]

**(c)** Nikeza imicimbi iBuhlebezwe engasetshenziselwa yona.

............................................................................................................................................ [1]

**(d)** Izinkampani ezinjani ezingafisa ukusebenzisa le ndawo?

............................................................................................................................................ [1]

**(e)** Abantu abanjani abangakhetha ukuya eHlathikhulu Camp?

............................................................................................................................................ [1]

**(f)** Iyiphi indawo elungele labo abathanda ukuziphekela bona.

............................................................................................................................................ [1]

**(g)** Yikhuphi okunye ongakwenza eBuhlebezwe?

............................................................................................................................................ [1]

**(h)** Ungaluthola kanjani olunye ulwazi ngalo mncintiswano uma uludinga?

............................................................................................................................................ [1]

[Amamaki: 8]

© UCLES 2013

**Umsebenzi 2**

USiyabonga ubona lesi sikhangiso.

USiyabonga Msomi uneminyaka eyi-16 ubudala kanti uhlala nabazali bakhe eGoli. USiyabonga uthanda kakhulu umdlalo webhola lombhoxo. Waqala ukudlala lomdlalo eneminyaka eyi-9. Kumanje udlalela iqembu langakubo elaziwa nge Junior Wanderers. Ijezi labo linemigqa eyehlayo ebomvu nemhlophe.

Leli qembu liqeqeshwa nguMike Ndebele. uMike useneminyaka engaphezu kweyishumi enza lo msebenzi. Uyakwazi ukuthola ama emails eseluleni yakhe. Leli qembu linekheli le email ethi jwander@shesamail.com. Ujwayele ukubheka imibiko yakhe ekhumpyutheni noma asebenzise iselula yakhe. uMnumzane Chalufu yimenenja yaleli qembu. Uyatholakala nakule nombolo ethi 084 589 4333. Umqeqeshi kanye nemenenja bazohamba nalo leli qembu ukuya emncintiswaneni.

IJunior Wanderers inabafana abangama-22. Kulaba bafana, abayisihlanu abayidli inyama ngenxa yenkolo yabo. Badla ukudla okunamaveji kuphela.

Kuzoba nomqhudelwano wamaqembu ebhola lombhoxo eThekwini lapho kuzokhethwa amaqembu ayishumi ukuba angenele lo mqhudelwano. Lo mqhudelwano uzothatha impelasonto yonke.

Iqembu lika Siyabonga nalo lizimisele ukuba yingxenye yalo mqhudelwano. Ngakho uSiyabonga uceliwe njengokapteni ukuba agcwalise ifomu lokungenela lo mqhudelwano. Kuthatha amahora ayisithupha ukuya eThekwini uma usuka eGoli ngakho leli qembu lizodinga nendawo yokuhlala eThekwini ngale mpelasonto. uMnumzane Chalufu angeke akwazi ukuphumelela ukuhlala nabo impelasonto yonke kodwa uzofika ngoMgqibelo kuphela.

**Zicabange unguSiyabonga, bese ugcwalisa leli fomu elilandelayo.**

**Umsebenzi 3**

Funda le ndaba elandelayo ekhuluma ngokuzivikela emkhuhlaneni, bese wenza umsebenzi osekhasini elilandelayo.

Kuqala ngokugodola esikhaleni nokujuluka bese kulandela ukukhwehlela nokuphathwa yikhanda. Emva kwalokho kungakapheli isikhathi esingakanani wonke amamasela noma izicubu zomzimba zibe buhlungu kanye nomphimbo ohambisana nekhala eligxiza amafinyila. Masikuvume ukuthi ayikho into emnandi ngokuphathwa umkhuhlane. Ngakho kubalulekile ukuzivikela emkhuhlaneni. Yini ongakwenza ukunciphisa amathuba okuphathwa ngumkhuhlane? Namhlanje ngizokhuluma ngezinto abantu abaningi abangazinaki uma kuza ekuvikeleni umkhuhlane.

Okokuqala ukuhlanzeka. Kumele ukugweme ukuthinta noma ukubambelela yonke indawo futhi ugeze izandla zakho njalo uma uthola ithuba. Kubalulekile ukuthi ungawuthinti umlomo noma ubuso bakho ngaphandle uma unesiqiniseko sokuthi izandla zakho zihlanzekile. Uma uqeda ukufinya lilahle iphepha olisebenzisile.

Okunye, ngukudla ngendlela efanele. Ukudla ukudla okunempilo kwenza umzimba wakho ube namandla okulwa namagciwane afana nomkhuhlane kanye nemfiva. Okubalulekile ukuthi ungalindi uze ugule ngaphambi kokushintsha indlela odla ngayo. Qala manje ungakabi nalutho. Zijwayeze ukudla izithelo ezifana namawolintshi.

Abantu abaningi bayazi ngokubaluleka kokudla ukudla okunovithamini C, kodwa abazi ngamanye amavithamini abalulelekile. Ukudla okunovithamini C okufana no tamatisi, kwandisa amasosha omzimba wona alwa nezifo ezingazama ukukuhlasela. Akukhona kuphela ukudla okunovithami C okubalulekile, amavithamini E nawo anendawo ayidlalayo. Amaveji aluhlaza ngokombala abalulekile. Ukudla okuneZinki nakho kuyadingeka emzimbeni. Ngingabala amaqanda, inyama, inkukhu, nofishi kokuningi.

Ukuba nengcindezi noma i-stress, kwenza uhlaselwe ukugula kalula futhi uthathe nesikhathi eside ukuthi ube ngcono. Ngakho ngiyakukhuthaza ukuthi siyinakekele imizimba yethu ngokufanele. Lokhu singakwenza nangokujima. Akudingeki ukuthi uze ube yilunga lejimi ukuze ugcine umzimba wakho unempilo. Ungagijima noma uhambe njalo ekuseni noma ntambama, ungakhetha ukwenyuka ngezitebhisi kunokugibela inqola kagesi lapho uya phezulu ebhilidini.

Uzothula inkulumo ekilasini lakho ekhuluma ngomkhuhlane. Ukhethe ukusebenzisa indaba engenhla ekhuluma ngokuzivikela emkhuhlaneni ukuze ulungiselele inkulumo yakho.

For Examiner's Use

Ukuze ukwazi ukuthi uhlele inkulumo yakho kahle, yenza amanothi amafushane ngaphansi kwezihloko ezilandelayo.

Impendulo yokuqala inikeziwe njengesibonelo.

**(a)** Izimpawu zokuqala ezikhombisa ukuthi ungenwa wumkhuhlane:

- Ukuqala uzizwe ugodola ........................................
- ........................................ [1]
- ........................................ [1]
- ........................................ [1]

**(b)** Izinto abantu abangazinaki ezinganciphisa amathuba okungenwa umkhuhlane:

- ........................................ [1]
- ........................................ [1]
- ........................................ [1]

**(c)** Umthelela wengcindezi emzimbeni womuntu:

- ........................................ [1]
- ........................................ [1]

[Amamaki: 8]

**Umsebenzi 5**

For Examiner's Use

Ubuhambe nesikole sakho naya endaweni yamagugu esiZulu lapho nifunde futhi nabona okuningi ngempilo yabantu bakwaZulu.

Bhala incwadi uyibhalele umngane wakho ofunda kwesinye isikole umazise ngalolu hambo:

- Umuzwa owuzwayo ngaphambi kokuba lufike usuku lo hambo
- Bhala amaphuzu amabili mayelana nohambo nize nifike kule ndawo
- Okufundile, okubonile nokuthandile
- Isizathu esenza ubone kufanele naye avakashele kule ndawo.

Incwadi yakho kumele ibe ngamagama aphakathi kwayi **150–200** ubude.

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

© UCLES 2013

**Umsebenzi 6**

Le ndaba ikhuluma ngomsebenzi wokuba umdansi. Yifundisise le ndaba bese uphendula imibuzo esekhasini elilandelayo.

**Ngenxa Yothando Lomdanso**

Ukudansa ngikubona kuyinto edinga ukuba ube nothando lwakho. Lokhu kuyinhliziyo yokudansa. Udumo nemali kuza kamuva, akubalulekile ukwedlula okuzwa ngaphakathi ngomdanso. Lokhu ngikusho kahle ngoba impilo yonke yami bengilokhu ngidansa kodwa ngiqale eminyakeni emihlanu edlule ukuba ngumdansi okhokhelwayo.

Kunezinto abantu abaningi abakholelwa kuzo ngabadansi ezingelona neze iqiniso. Okokuqala ukuthi kumele umzimba wakho wakhiwe ngendlela ethize ukuze ube umdansi, njengokuba mude futhi ube nemilenze emide, kodwa lokhu akunjalo. Ungaba mfushane futhi ube yisigqisha, kodwa okubalulekile ukuthi uzimisele futhi ube nothando.

Yebo khona nginomzimba omncane kodwa akusilo iqiniso ukuthi thina badansi siphila ngamahlamvu kaletisi. Kumele udle ngendlela ekahle ukuze ukwazi ukwenza lo msebenzi. Kunezinhlobo zemidanso ezidinga ukuthi ube namandla futhi ukwazi ukuqubula umuntu wesilisa. Ngeke ukwenze lokhu uma uyintekenteke nje.

Ukudansa kungumsebenzi odinga ingqondo nomzimba ophilile. Ngisebenza kusukela ngehora leshumi ekuseni kuze kuyoshaya ihora lesihlanu ntambama. Uma kunombukiso esizowenza sisebenza kanzima ngoba namahora okuzilungiselela ayakhula osukwini. Umbukiso engiwulungiselelayo nje kumanje wezigqila ezifakwa emkhunjini udinga isikhathi sami esiningi. Ngiqale ngokwenza ucwaningo kakhulu. Bekufanele ngiye eCastle of Good Hope eKapa ukuze ngibone lapho kwakuhlala khona izigqila. Emva kwalokhu bese kumele ngizicabange ngiphila kulesi sikhathi ukuze ngikwazi ukwenza umdanso ohambisana nalesi sihloko. Lokhu kube ngumsebenzi okhathaza ingqondo.

Kumele uvakashela amazwe amaningi kulo msebenzi. Sengithole amathuba amaningi okuyovakashela amazwe aphesheya njengase Liverpool lapho ngangidansa khona embukisweni obizwa ngeBrouhaha street festival. Maningi namanye amazwe esengithole ithuba lokuwavakashela njengaseNgilande nase Australia. Kanti nalapha eNingizimu Afrika, ngithole amathuba amaningi okuvakashela amadolobha amangazayo njengase Grahmstown naseGoli.

Kuningi ongakweza ukuze uziphilise uma ungumndansi ngaphandle kokwenza imibukiso kuphela. Okunye engikwenzayo ukufuna abantu abasha ngiphinde ngibafundise amakhono okudansa. Lokho nakho kuthatha esiningi isikhathi sami, kodwa ngiyakuthanda futhi nami ngifunda okuningi. Engikuthanda kakhulu ngomsebenzi wami ukuthi nginethuba lokufundisa umdanso kubantwana abavela ezindaweni zasemakhaya kanye nasezikoleni ezikude namadolobha. Sivakashela izikole eziningi lapho sikhombisa khona abantu abasha ukuthi bangakwazi ukuziphilisa ngomdanso. Ngiyathanda ukubaxoxela ukuthi umama wami uhlale engitshela ukuthi ngisho ngisemncane ngangikuthanda ukudansa nokucula ngoba ngangenza lokhu lapho ngiya esikoleni.

Umdanso wona uyawukhathaza umzimba, kodwa noma kunjalo ayikho enye into engingathanda ukuyenza okudlula wona. Noma ngikhathala uma silungiselela imibukiso, kodwa ngiyakuthokozela engikwenzayo.

For Examiner's Use

**(a)** Yini eyenza umbhali ukuthi akhethe ukuba ngumdansi?

.......................................................................................................................................

....................................................................................................................................... [1]

**(b)** Nikeza izinto ezimbili ezingelona iqiniso ngabadansi?

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

....................................................................................................................................... [2]

**(c)** Sazi kanjani ukuthi ukuba ngumdansi kungumsebenzi ongelula? (isigaba 4)

.......................................................................................................................................

....................................................................................................................................... [1]

**(d)** Kungani umbhali wabona kubalulekile ukwenza ucwaningo?

.......................................................................................................................................

....................................................................................................................................... [1]

**(e)** Umbhali uzizwa kanjani ngokuvashela amazwe ahlukene?

.......................................................................................................................................

....................................................................................................................................... [1]

**(f)** Abadansi bangenza miphi eminye imisebenzi? Nikeza okubili.

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

....................................................................................................................................... [2]

**(g)** Yikuphi okwenziwa ngumbhali ukusiza imiphakathi?

.......................................................................................................................................

....................................................................................................................................... [1]

**(h)** Yini ekhombisa ukuthi umbhali uwuthanda ngempela lo msebenzi wokudansa?

.......................................................................................................................................

....................................................................................................................................... [1]

[Amamaki: 10]

**Umsebenzi 7**

For Examiner's Use

Kuzokwakhiwa indawo yezitolo eziningi ngakini endaweni ebisetshenziswa njengePaki. Kunokuphikisana ngalokhu ngenxa yokuhluka kwemibono.

Nakhu okunye okushiwo ngabantu ngalokhu.

- **Lokhu kuzokhulisa amathuba emisebenzi endaweni yangakithi.**
- *Lokhu kuzomosha ingxenye ebiyinhle endaweni yangakithi.*
- Kuzosisiza lokhu ukuze sibe nenye indlela yokuchitha isizungu njengokuyobuka amafilimu ebhayiskobho.
- ***Lokhu kuzothuthukisa indawo yangakithi futhi kuhehe nezivakashi.***
- Le ndawo izogqugquzela abantu ukuba bathande ukuthenga okungenaso isidingo. Asizidingi ezinye izitolo; abantu bathenga ngokweqile kwamanje.

Bhala incwadi ezoya kumphathi wedolobha langakini lapho uveza imibono yakho ngalezi zitolo.

Imibono engaphezulu kumele ikunikeze amasu okubhala le ncwadi, kodwa ungaziqambela awakho uma uthanda.

Incwadi yakho kumele ibe ngamagama aphakathi kwangama **200–250** ubude.

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

© UCLES 2013

